



Is it a good book?

You can't discover the joy of reading without having good books to read! And, the more books that children have around them, the more likely they are to pick one to try.

But how do you know which books are "good"? Well, a good book is simply one that your child enjoys! Here are some tips to help you choose books that your child is most likely to enjoy. (Remember that the age ranges given are only a guide.)

- **Babies and toddlers** often like books with bold, colourful pictures and a few words in them. They also like simple stories with pictures and short sentences, and books with rhymes. Books made of cloth or board are often the most practical because babies do like to chew, pat, hit and drop books!
- **Children aged 2 to 5 years** mostly enjoy picture books – stories that have pictures and accompanying text that can be read in one sitting. Stories can be about everyday life or about the imaginary worlds of fairies, dragons and animals that talk and act like people. Children in this age group also often enjoy some simple information books with lots of photographs.
- Most children learn to read between the **ages of 6 to 11 years**. Many still enjoy picture books and

especially enjoy trying to read books that were read to them when they were younger! As they begin to read chapter books, children often find particular authors whose books they enjoy. Recipe books and other "how to" books, as well as joke books and fact books, are popular with this age group.

- Regular readers **aged twelve and older** usually choose books for themselves. Suggest new authors to children of this age or suggest authors who write books on similar topics or in a similar style to the ones they have already read and enjoyed. Many teenagers enjoy books that focus on the challenges of growing up, while others prefer to escape into the world of fantasy!

Remember too that choosing books is a skill that will be useful to your children throughout their lives. Show them how to do this and encourage them to try books that interest them.

For ideas on which books your child might enjoy, visit "Book Box" on www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.



Ngabe yincwadi emnandi?

Ungebuthole ubumnandi bokufunda ungenazo izincwadi ezimnandi ongazifunda! Kanti uma zizingi izincwadi izingane ezinazo eduze kwazo, maningi amathuba okuthi zithathe eyodwa ezizoyizama.

Kodwa wazi kanjani ukuthi yiziphi izincwadi "ezimnandi"? Empeleni, incwadi emnandi yileyo ethokozelwa ingane yakho! Nanka amanye amacebo okukusiza ukuthi ukhethe izincwadi okungenzeka ukuthi zithandwe yingane yakho. (Sicela ukhumbule ukuthi iminyaka ehlukeni ibekwe ukuze ibe umkhombandlela nje.)

- **Abantwana nezingane ezisacathula** zivame ukuthanda izincwadi ezinezithombe ezigqamile, nezinemibala ezinamagama ambalwa. Futhi zithanda izindaba ezilula ezinezithombe nemisho emifishane, nezincwadi ezinemilolozelo. Izincwadi ezenziwe ngezindwangu noma ngoqwembe yizona ezisebenziseka kangcono ngoba abantwana bathanda ukhulafuna, ukumbambatha, ukushaya nokuwisa izincwadi!

- **Izingane ezineminyaka emi-2 ukuya kwemi-5** zithokozela izincwadi ezinezithombe kakhulu – izindaba ezihambisana nezithombe ezinemibhalo engafundwa ekuhlaleni okukodwa. Izindaba zingaba ngempilo yansuku zonke noma impilo yomhlaba wezinsumansumane, amadragoni nezilwane ezikhuluma njengabantu. Izingane ezikuleli banga leminyaka zithokozela futhi nezincwadi ezinikeza ulwazi ezinezithombe eziningi.
- Izingane eziningi zifunda ukufunda okubhaliwe **eminyakeni eyi-6 ukuya kweyi-11**. Eziningi zazo zisuke zisathokozela izincwadi ezinezithombe futhi zithokozela nakakhulu ukuzama ukufunda izincwadi ezazifundelwa ngesikhathi zisencane! Ngesikhathi ziqala ukufunda izincwadi ezinezahluko, izingane zivamise ukuthola ababhali abathile ezithokozela ukufunda izincwadi zabo. Izincwadi zamaresiphi nezinye izincwadi eziphathelene nokuthi "kwenziwa kanjani okuthile", kanye nezincwadi zamahlala nezezinto ezingamaqiniso, zithandwa kakhulu yizingane ezikuleli banga leminyaka.

- Abajwayele ukufunda **abaneminyaka eyishumi nambili nangaphezulu** bavame ukuzikhethela bona izincwadi. Yenza isiphakamiso sababhali abasha ezinganeni ezikulesi sigaba noma isiphakamiso sababhali ababhala izincwadi ezingezihloko ezifana nalezi noma ezinesitayela sokubhala esifanayo nesalabo babhali asebevele bebefunda noma bebathokozela. Amabhungu namatshitshi amaningi athokozela izincwadi ezigxile ezinseleleni zokukhula, ngesikhathi amanye ekhetha ukungena emhlabeni wokungakhokakali!

Khumbula futhi ukuthi ukukhetha izincwadi kuyikhono elizosiza izingane zakho impilo yazo yonke. Zikhombise ukuthi zingakwenza kanjani lokhu ngokugqguzela ukuthi zizame izincwadi ezizihlaba umxhwele.


Ukuze uthole amacebo okuthi yiziphi izincwadi ezingathokozelwa izingane zakho, vakashela u-"Book Box" ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your imagination

Read to me. Again! Again!

Ngifundele.
Phinda! Ubuye uphinde!






Story stars

The art of giving

Every year, the Kidz2Kidz Trust runs various projects aimed at teaching children the “art of giving” to create an awareness of others less fortunate than themselves. Last year, they distributed a massive 100 000 gifts through their Santa Shoebox project, in which people donate shoeboxes filled with small gifts at Christmas. We spoke to the founder of the organisation, Dee Bohner, to find out more about their projects.

What projects do you run that involve literacy?

We have the Kidz2Kidz projects, which include Teachers2Teachers. Within this project, we have Literacy2Kidz, Numbers2Kidz, Sports2Kidz and Art2Kidz. The literacy project includes setting up book corners in classrooms to encourage reading from a young age. In the Teachers2Teachers project, teachers share knowledge with one another to ensure that the children in their care receive the teaching and resources they need to develop their literacy skills, which we believe is a real life skill! Even our Santa Shoebox project includes a storybook, which is read to the children receiving their gift boxes. The book shares the story of giving.



Kidz2Kidz

October is International School Library Month. How are you using “book corners” to encourage reading?

Setting up book corners is part of our Teachers2Teachers project. Children are encouraged to spend time in the book corners to get to know the books. We also train teachers how to use these corners to encourage children to read. The teachers have a time in the day when they call, “DEAR – Drop Everything And Read”, which is both playful and inspiring. The children stop doing what they are doing, fetch a book, and read. They love it! We encourage volunteers to spend time reading to the children and we also look for donations of books to help stock these corners. (Turn to page 7 of this supplement to see how you can help.)

What is your latest project?

“Lovy loves you” is a fun yet sensitive coaching project created by Annett Brumester, one of our volunteers from Germany. The project forms part of a workshop run with children to teach them self-love, self-esteem and self-worth from an early age. The project uses our fun little character LOVY. We also use a storybook which was developed especially for this project and is available in English, Afrikaans, isiXhosa, Sesotho and isiZulu. First the story is shared during workshops and then the children are encouraged to read it in their home language.

Abavelele ezindabeni

Ubuhle bokunikela

Minyaka yonke, i-Kidz2Kidz Trust iba namaphrojekthi ahlukene okuhloswe ngawo ukuthi kufundiswe izingane “ubuhle bokunikela” ukuze kwaziswe ngabanye abaswele kunazo. Nyakenye, bathumela amabhokisi ezicathulo ayi-100 000 ngephrojekthi yabo yeSanta Shoebox, lapho abantu babenikela khona amabhokisi ezicathulo agcwele izipho ezincane zezingane njengezipho zezingane zikaKhisimuzi. Sixoxe nomsunguli wenhlangano, uDee Bohner, ukuze sithole kabanzi ngamaphrojekthi abo.

Nenza maphi amaphrojekthi abandakanya ukwazi ukufunda nokubhala?

Sinephrojekthi ye-Kidz2Kidz, ehlanganisa ne-Teachers2Teachers. Ngaphakathi kwale phrojekthi, sine-Literacy2Kidz, i-Numbers2Kidz, i-Sports2Kidz ne-Art2Kidz. Iphrojekthi yokwazi ukufunda nokubhala (Literacy2Kidz) ihlanganisa nokubeka amakhona ezincwadi emagumbini okufundela ukuze kukhuthazwe ukufunda ezinganeni kusukela zisencane. Ephrojekthini ye-Teachers2Teachers, othisha babelana ngolwazi ukuze baqinisekise ukuthi izingane abazinakekelayo zithola izifundo nezinsiza ezizidingayo ukuze zithuthukise amakhono azo okwazi ukufunda nokubhala, esikholelwa ekutheni ayikhono langempela lempilo! Nephrojekthi yethu ye-Santa Shoebox ihlanganisa incwadi yezindaba, efundelwa izingane ngesikhathi zithola amabhokisi azo ezipho. Incwadi yabelana nabanye ngendaba yokunikela.

U-Oktoba yiNyanga Yemitapo Yezincwadi Yezikole Yomhlaba Wonke.

Niwasebenzisa kanjani “amakhona ezincwadi” ukuze nikhuthaze ukufunda?

Ukwenza amakhona ezincwadi kuyingxenywe yephrojekthi ye-Teachers2Teachers. Izingane zikhuthazwa ukuthi zichithe isikhathi emakhoneni ezincwadi ukuze zazi izincwadi. Siqeqesha nothisha ukuthi basebenzise amakhona ukukhuthaza izingane ukuthi zifunde. Kunesikhathi sosuku lapho othisha bememeza khona bathi, “Yeka konke okwenzayo ufunde – SITHANDWA”, okuyinto esamdalo nebenza babe nentshisekelo. Izingane ziyeka konke ezikwenzayo, zilande incwadi, bese zifunda. Ziyakuthanda lokhu! Sikhuthaza amavolontiya ukuthi achithe isikhathi efundela izingane futhi sifuna nezincwadi esingaziphiwa ezingasiza ukuthi kube nezincwadi kula makhona. (Iya ekhasini le-7 kulesi sithasiselo ukuze ubheke ukuthi ungasiza kanjani.)

Unayiphi iphrojekthi manje?

U-“Lovy loves you” yiphrojekthi emnandi kodwa ejulile eyasungulwa u-Annett Brumester, omunye wamavolontiya ethu avela eJalimane. Le phrojekthi iyinxenywe yemihlangano yokucobelelana ulwazi eyenziwa nezingane ukuze zifundiswe ukuzithanda, ukuzethemba nokuthi ziwutho kusukela zisencane. Le phrojekthi isebenzisa umlingiswa omncane othokozisayo uLOVY. Sisebenzisa nencwadi yezindaba eyabhalelwa le phrojekthi futhi itholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa, iSesotho nesiZulu. Kuqale kwabelwane ngendaba emihlanganweni yokwabelana ngolwazi bese izingane zikhuthazwa ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwasekhaya.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children’s daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.



* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars.

Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangano bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenywe yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla* ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars.

Nal’ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal’ibali’s radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal’ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal’ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Turtle tried on the big round shell with the beautiful pattern.
 Ufudu wazama igobolondo elikhulu eliyindilinga elinomhobiso omuhle.

Fold



"You are right," said Crab. He found a big round shell.
 "What about this one?"
 "Uqinise," kusho uNkankala. Wathola igobolondo elikhulu eliyindilinga. "Ucabangani-ke ngaleli?"

Just right! is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit www.cup.co.za



Cambridge University Press
 P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
 Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
 Email info@cup.co.za

 **CAMBRIDGE**
 UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

CAMBRIDGE

Just right! Likahle impela!



Vanessa Burnett
 Sally MacLarty






They found empty shells lying on the seabed. Crab said, "This one is beautiful. Try it on, Turtle;" Turtle put the shell on. "This one looks good!" he said. "But it is too small!" Bathola amagobolondo amaningi phansi ekujuleni kolwandle. UNkalanaka wathi, "Lihle leli. Ake uzame lona, Fudu;" Ufudu wangena egobolondweni. "Libukeka lilihle leli!" kusho yena. "Kodwa incane kakhulu;"

Turtle was unhappy. He went to visit Crab.
UFudu wayekhathazekile. Wahamba wayovakashela uNkalanaka.

"This one looks good," he said. "But it is too big!"
"Leli libukeka lilihle," kusho yena. "Kodwa likhulu kakhulu;"



Crab smiled, "I think the best shell was your own one all along!"
Turtle laughed, "It's true. My shell isn't so bad after all!"
Wamamatheka uNkalanaka, "Ngicabanga ukuthi igobolondo ebelihle bekuvele kungelakho sonke lesi sikhathi!"
UFudu wahleka, "Yiqiniso. Empeleni igobolondo lami alilibi kangako!"



Crab and Turtle looked at the other shells. There were many beautiful shapes and sizes. "Try this one," said Crab. UNkalanKala noFudu babheka amanye amagobolondo. Kukhona namanye amaningi amahle anezimo nobukhulu okwahlukene. "Zama leli," kusho uNkalanKala.

Turtle put on the shell. "This one is just right!" he said. UFudu waligqoka igobolondo. "Likahle impela-ke leli!" kusho yena.



So Turtle and Crab went off to look for new shells. Ngakho uFudu noNkalanKala bahamba bayofuna amagobolondo amasha.



"Hello, Crab. What are you doing?" Turtle asked.

"I am looking for a new shell," Crab said. "My old shell is too small."

"Sawubona, NkalanKala. Ngabe wenzani?" kubuza uFudu.

"Ngifuna igobolondo elisha," kusho uNkalanKala. "Igobolondo lami elidala lincane kakhulu."



“Lincane kakhulu?” kubuza uFudu, “Usho Ngan?”
 “Lapho ngikhula, ngikhula kakhulu kunegobolondo lami,
 ngakho kufanele ngithole elisha.”
 “Ngifisa senqath! ngingathola igobolondo elisha,” kusho
 uFudu. “Ngikhathele yigobolondo lami elidala.”



Fold ↩



“Ow!” said Turtle. “This one looks good, but it hurts!”
 “Awu!” kusho uFudu. “Leli libukeka lilihle, kodwa
 liyanglimaza!”



“Too small?” Turtle asked, “Why?”
 “As I grow, I get too big for my shell, so I have to find a
 new one.”
 “I wish I could get a new shell,” Turtle said. “I’m tired of
 my old one.”



Turtle was very sad. “I’m never going to find a shell that
 fits,” he said.
 “I have an idea,” said Crab. “Try this one on.”
 Wayesedumele kakhulu uFudu. “Angeke ngilithole
 igobolondo elingilinganayo,” kusho yena.
 “Nginecebo,” kusho uNkalankala. “Ake uzame ukufaka leli!”

Fold ↩ 6



Get story active!

Before

Before you read the story *Just right!* with your children:

- read the title to them and talk about the picture on the front cover together. Can they guess what the story is about by using these details?
- read the author and illustrator's name.


During

- As you read, help develop children's prediction skills by asking, "What do you think will happen next?" after you have read pages 6 and 10.
- Draw your children's attention to the shell Crab has found in the picture on page 13. Can they tell who it belongs to?
- Look at some of the pictures more closely. Draw your children's attention to the details of the shells and talk about these together.

After

- Ask your children what lesson they think Turtle learnt in this story.
- Tell your children about a time when you compared yourself to others and felt dissatisfied with something about yourself only to find out later that it was something quite useful.
- Encourage younger children to draw a picture that shows something that they like about themselves. Ask them to tell you about their picture and then write the words that they tell you.
- Encourage older children to write a shape poem about themselves which highlights what they like about themselves. Let them write their poem in the shape of one of the shells in the story.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!



Ngaphambi kokufunda

Ngaphambi kokuba nifunde indaba ethi, *Likahle impela!* nezingane zakho:

- zifundele isihloko bese nikhuluma ngesithombe esisekhaveni. Ngabe zingakwazi yini ukuqagela ukuthi indaba ingani ngokusebenzisa le mininingwane?
- funda igama lombhali nelodwebe izithombe.

Ngesikhathi nifunda

- Ngesikhathi ufunda, siza ukuthuthukisa amakhono ezingane okuqagela ngokubuza ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" ngemva kokufunda ikhasi lesi-6 nele-10.
- Khombisa izingane igobolondo uNkalankala aliithole ekhasini le-13. Ngabe zingasho ukuthi elikabani?
- Bhekani ezinye izithombe ngokucophelela. Khombisa izingane zakho indlela amagobolondo abukeka ngayo bese nikhuluma ngalokhu ndawonye.

Ngemuva kokufunda

- Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi ufunde sphi isifundo uFudu kule ndaba.
- Tshela izingane zakho ngesikhathi lapho wena owawuziqhathanisa khona nabanye abantu futhi ungenelisiwe ngokuthile ngawe wase uthola ekugcineni ukuthi empeleni lokho kwakuyinto esebenza ngempela.
- Khuthaza izingane ezincane ukuthi zidwebe isithombe esikhombisa okuthile ezikuthandayo ngazo uqobo. Zicele ukuthi zikutshela ngesithombe sazo bese ubhala amagama ezikutshela wona.
- Khuthaza izingane ezindadlana ukuthi zibhale bese zibumba inkondlo ethile engazo eqhakambisa lokho ezikuthandayo ngazo uqobo. Zivumele ukuthi zibhale inkondlo yazo ebumbeke njengeline lamagobolondo asendabeni.

October is International School Library Month and here are two ways you can help to grow the number of books children have access to.

The Kidz2Kidz Trust encourages children to read from an early age and is always looking for donations of age-appropriate books (1-9 years) that can be enjoyed in their classroom "book corners". To donate, email info@kidz2kidz.co.za.

You can also visit <http://nalibali.org/support-us/reading-clubs/> to find a reading club in your province looking for books and other resources to grow their clubs.



U-Okthoba yiNyanga Yemitapo Yezincwadi Yezikole Yomhlaba Wonke futhi nazi izindlela ezimbili ongasiza ngazo ukukhulisa inani lezincwadi izingane ezikwazi ukufinyelela kuzo.

I-Kidz2Kidz Trust ikhuthaza izingane ukuthi zifunde kusukela zincane futhi zihlale zifuna ukunikelelwa ngezincwadi ezilungele iminyaka ethile (unyaka o-1 ukuya eminyakeni eyi-9) ezingathokozelwa egumbini lazo lokufunda "emakhoneni ezincwadi". Ukuze unikele, thumela i-imeyli ku-info@kidz2kidz.co.za.

Ungavakashela futhi ku-<http://nalibali.org/support-us/reading-clubs/> ukuze uthole ithimba lokufunda esifundeni sakho elifuna izincwadi nezinye izinsiza zokuthuthukisa amathimba azo.

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Bella

Age: 5

Friend: Neo

Pet: Noodle

Lives with: her mom and Noodle

Favourite colour: green

Favourite outing place: beach

Likes stories about: queens, princesses, witches and animals

Here's an idea...

Cut out and colour in the picture of Bella and then paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.

- Make up a name for the book Bella is reading.
- Draw a speech bubble and write in it what Bella is saying as she reads aloud from her book.

Or, keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nali icebo...

Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sikaBella, usinamathisele ephepheni elikhulu. Bese wenza okukodwa noma okungaphezulu kulezi zinto ezilandelayo.

- Yakha igama lencwadi efundwa uBella.
- Dweba ibhamuza lenkulumo, ubhale ukuthi uBella uthini ngesikhathi efunda kakhulu incwadi yakhe.

Noma, ugcine isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo, ubasebenzisele ukwenza ezakho izithombe, izindaba nanoma yini oyicabangayo!

Okumayelana noBella

Iminyaka yobudala: 5

Umgani: uNeo

Isilwane esivumngani: uNoodle

Uhlala: nomama wakhe noNoodle

Umbala awuthandayo: oluhlaza okotshani

Indawo athanda ukuzikhiphela kuyo: ebhishi

Uthanda izindaba ezimayelana: nezindlovukazi (zasebukhosini), amakhosazane, abathakathi nezilwane



Story corner

Here is the final part of the story about Vusi, his younger sister, Sinazo, and their pets for you to read aloud or tell.

Vusi and Sinazo (Part 2)

by Helen Brain

At that exact moment Fluffy leaped off the wardrobe and landed on Granny's head. And at that exact moment Domino tried to jump onto the wardrobe, but instead landed on Granny, knocking her over.

Granny was very cross. "You children won't be getting any chocolate after church today. Now put the animals in the yard and let's go to church," she said.

The children shut the animals in the yard and off they went to church. Domino went to sleep in the sun, but Fluffy climbed onto the roof of the house so that she could see far and wide. Suddenly she heard a soft, squeaky noise. Someone was trying to open the gate into Granny's vegetable garden! Fluffy looked over the edge of the roof and saw a bad man stealing Granny's mealies!

"Hooooowwwatcha!" Fluffy screeched, jumping right onto the man's head.

"Get off!" screamed the thief.

The noise woke up Domino. He came bounding around the corner. "Woof! Woof! Get out!" he barked.

"Get away from me!" yelled the thief. He jumped over the fence, but Domino was waiting for him. Domino grabbed the thief's trousers. He pulled and pulled, and growled and growled, and shook and shook. The thief was terrified.

"Let go!" he screamed, but then, RRRRRRIIPPPP! The thief's trousers tore right off. He ran away – up the hill, past the church and all the way home.

Just then Vusi, Sinazo and Granny came out of church. They laughed when they saw a man running by with no trousers on. Then they saw Domino running after him with the man's trousers in his teeth.

"You are both very good animals," said Granny when they got home. "You have saved my vegetables from that thief."

"Does that mean we get chocolate after all?" asked Vusi.

"Yes," said Granny. She bought them each a bar of peppermint chocolate. Then she bought a juicy bone for Domino and a tin of tasty fish for Fluffy.

The thief was so shy because everyone had seen him without his trousers on that he ran away to another town, and was never seen again.

Tell us if you liked the story, *Vusi and Sinazo* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.




Illustration by Jiggs Snaddon-Wood
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba emayelana noVusi, nodadewabo omncane, uSinazo, nezilwane zabo ezingabangani ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

UVusi noSinazo (Ingxenye yesi-2)

Ibhalwe nguHelen Brain

Ngaso lesi sikhathi uFluffy wagxuma kuwodilophu wehlela ekhanda likaGogo. Kanti ngaso lesi sikhathi futhi uDomino wazama ukugxumela phezu kwewodilobhu, kodwa wavele wawela phezu kukaGogo, wamwisa.

UGogo wayeveva yintukuthelo. "We zingane, ngeke niwuthole ushokoledi namhlanje uma sekuphume isonto. Khiphelani izilwane phandle manje bese siya esontweni," kusho yena.

Izingane zavela izilwane phandle zaya esontweni. UDomino wayolala elangeni, kodwa uFluffy wagibela ophahleni lwendlu ukuze akwazi ukubona kude nasendaweni ebanzi. Kusenjalo wezwa umsindo osholo phansi onsegezayo. Kukhona owayezama ukuvula isango lengadi kaGogo yemifino. UFluffy wabheka onqenqemeni lophahla wabona isigebengu sintshontsha ummbila kaGogo!

"Thatha lokhuuuuuuuuu!" UFluffy wakhisila, wagxumela ekhanda lendoda.

"Suka!" kukhala isela.

UDomino wavuswa umsindo. Waqhamuka ekhoni ngesivinini. "Hhu! Hhu! Phuma!" ekhonkotha.

"Suka kimi!" kumemeza isela. Leqa uthango, kanti uDomino wayelilinde lapho. UDomino wabamba wadonsa ibhulukwe lesela. Walidonsa, walidonsa, wavungama, wavungama, wanikiza, wanikiza. Isela lalethukile.

"Ngiyeke!" limemeza, kwase kuthi, *KLEBHUUUUUUU!* Kudabuka ibhulukwe lesela. Labaleka lakhuphuka umqansa, ledlula isonto laze layofika ekhaya.

Kusenjalo kwaphuma esontweni uVusi, uSinazo noGogo. Bahleka ngesikhathi bebona indoda igijima ingagqoke bhulukwe. Ngaleso sikhathi babona uDomino elijaha ebambe ibhulukwe lalo ngamazinyo akhe.

"Nobabili niyizilwane ezinhle kakhulu," kusho uGogo ngesikhathi befika ekhaya. "Nisindise imifino yami eseleni."

"Ngabe lokho kusho ukuthi ekugcineni sizothola ushokoledi?" kubuza uVusi.

"Yebo," kusho uGogo. Wamthengela ngamunye kubo isixebeledu sikashokoledi wephaphamente. Wase ethengela uDomino ithambo eliconsisa amathe noFluffy ithini lenhlanzi emnandi.

Isela lalinamahloni kakhulu ngoba wonke umuntu wayelibone lingagqoke bhulukwe kangokuthi labaleka laya kwelinye idolobha, aliphindanga labonwa futhi.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile indaba ethi, *UVusi noSinazo* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next Nal'ibali supplement:

- A story for the teacher in all of us
- Story Stars: Making reading fun
- Reading club corner: Days to celebrate in November
- A cut-out-and-keep book, *Where is Patch?*

Need copies of this supplement in other languages or back copies of older supplements? Download them for free at: <http://nalibali.org/supplements/>.

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Indaba kathisha okithi sonke
- Abavelele Ezindabeni: Ukwenza ukuthi ukufunda kuthokozeleke
- Ikhona lethimba lokufunda: Izinsuku ezizogujwa ngoNovemba
- Incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina, *Ukuphi uPatch?*

Ngabe udinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi noma amakhophi ezithasiselo ezindala? Zithwebula ngensiza yekhompyutha mahhala ku-<http://nalibali.org/supplements/>.

